# Ikusasa Lami

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Ufisa ukufundela muphi umsebenzi uma usumdala?
2. Buka izithombe uqagele ukuthi indaba ikhuluma ngani.


EXTRACT PAGES

UNtuthuko umfanyana othanda isikole. Uhlala endaweni yasemakhaya ebizwa ngokuthi ikaNtuthu. Kuthiwa ikantuthu nje yingoba kubaswa phansi ngezinkuni uyibone intuthu iphuma ngomnyango.

Kungani indawo yakubo kaNtuthuko ibizwa ngokuthi kukwa ntuthu?

UNtuthuku ubiza isibongo sakwaZwane lapho akhuliswa khona.



UNtuthuko ufunda esikoleni samabanga aphansi iHlangalaZulu Primary School, ufunda ibanga lesine, uthisha wakhe uNkk. Mnqwala.

Isikole afunda kuso siqhelile ngakho-ke, uvuka kusempondo zankomo uma eya esikoleni.




Ngesikhathi sekhefu, uyaye athi gozololo ngaphansi kwesihlahla aphumule.

EXTRACT PAGES

Kusho ukuthini ukuvuka kusempondo zankomo?

Namuhla baxoxa ngabafisa ukuba yikho uma sebebadala. Kwakufanele uchaze nokuthi leyonto uyithandelani. Kwaqala uXolani. “Ngithanda ukuba yisicishamlilo.”

UXolani wathi uthanda ukusiza imiphakathi ngoba ngezikhathi zasebusika kuba nomlilo wequbula. Lo mlilo uvutha ubuhanguhangu oshisa imizi kanye nemfuyo bese abantu bebhekana nendlala.



EXTRACT PAGES

Kungani uXolani ethanda ukuba yisicishamlilo?



UNkk. Mnqwala wamema izicishamlilo. Wayenesifiso sokuthi abafundi bake bachazelwe ngalolu hlobo lomsebenzi.

EXTRACT PAGES

Isicishamlilo sabacobelela, sichaza ngomsebenzi wabo  nangemigomo yasemsebenzini wabo.

Babezokwenzani abezicishamlilo esikoleni? Yini ongafisa ukubabuza yona?

Kwalandela u-Ayanda. Unozwelo nesihe, ngakho ufisa ukuba usomabhizinisi odayisa imidwebo emihle. Wacela uthisha ukuthi kunganjani abantwana afunda nabo badwebe imidwebo emihle bese beyidayisa esikoleni.


Waqoqa abafundi abambalwa badweba. Babeka amatafula badayisa wathandwa umsebenzi. Abafundi babona ukuthi kulula kanjani ukuzenzela imali uma nje unobahlakani kuleyonto oyidayisayo.

EXTRACT PAGES



U-Ayanda uthanda ukwenzani?

UZwakele uyintombazanyana eneminyaka eyisishiyagalolunye.



UZwakele wathi ufisa ukuba usosayensi. Lo mkhakha udinga uqinise ezibalweni nasezifundweni zesayensi. Wayefisa ukuba semkhathini futhi wayethanda ukubuka izinkanyezi namaplanethi kumabonakude wakhe. Wayehlala efunda ngakho konke okwenzeka emkhathini.


EXTRACT PAGES

UZwakele uthanda ukuba usosayensi wani?

ULwazi wayefuna ukuba ngudokotela wezilwane, wayenenja yakhe ogama layo inguLoli. Yilapho ayezibona khona ukuthi uyakwazi ukunakekela izilwane. UNkk. Mnqwala wahlela usuku, abafundi beza nezilwane zabo abazithandayo nabanazo emakhaya.

Uthisha wathembisa ukuhlela usuku lokuvakashela udokotela wezilwane. Ilapho ezothola amacebo ngekusasa lakhe.

EXTRACT PAGES





Wena unaso yini isilwane sakho osifuyile ekhaya osithandayo? Sixoxele ngaso.

Kubalulekile ukuthi endaweni kubekhona izindawo lapho kugcinwa khona amagugu. Ukugcina amagugu nomlando kubalulekile ukuze sithole ulwazi ngosikompilo lakudala. Kuba nanezincwadi eziqukethe imilando yabantu abake baphila kudaladala. USbonelo unephupho lokusebenza la kugcinwa khona amagugu.




Ngakho sebezoba nohambo baye endaweni egcina amagugu. USbonelo wasijabulela kakhulu isenzo sika Nkk. Mnqwala. USbonelo wayezibona engumphathi omkhulu wale ndawo.

USbonelo yena uthanda ukusebenza kuphi?

EXTRACT PAGES

UNkk. Mnqwala waphinda wahlela olunye uhambo lokuya ebhange.




Bafike bafunda indlela ibhange elenza ngayo inzuzo base bazi ukuthi alisebenzi ngokonga imali kuphela. Libuye libolekise ngayo imali ukuze ibuye isinenzalo. Bafunda nokuthi uma ufuna ukuthenga indlu noma  imoto ibhangi elikusizayo ukukuboleka imali. Abafundi bathi bafuna ukusebenza emalini.

EXTRACT PAGES

Ake uchaze ukuthi ibhange liyenza kanjani imali.

Kwalandela isifundo ngodokotela. Lo nguSandiswa uhlala nogogo wakhe osemdala kakhulu, uyamnakekela. Nsuku zonke ngaphambi kokuthi aye esikoleni uvuka ekuseni apheke enzela ugogo wakhe ukudla asale nokudla kwasemini.

Uthando lwakhe-ke uSandiswa nokuba ngudokotela luqale lapho wazibona esengudokotela enakekela inqwaba yabantu.

EXTRACT PAGES




Yini eyenza uSandiswa abe nothando lobudokotela?

Njengenjwayelo umisi wabo wahlela futhi uhambo lokuya esibhedlela. Lafika ibhasi elalilande abafundi libahambisa esibhedlela esikhulu esisedolobheni. Umisi wabo wayefuna beyobona ukuthi ingabe kusetshenzwa kanjani ezibhedlela.


Bafika sebelindwe abasebenzi basesibhedlela. Ingani uthisha wabo wayehlelile nabaphathi besibhedlela ukuze abangaphazamisi.

EXTRACT PAGES




Umisi Mnqwala ungumuntu onjani? Engabe bazobona hlobo luni lodokotela.

Bafika bafunda ukuthi kunezinhlobo ezahlukahlukene zodokotela ezikhona emhlabeni jikelele. Kukhona udokotela wamehlo, loyo dokotela usebenza ngezinkinga zamehlo nje kuphela.



Kukhona udokotela obizwa ngodokotela wamazinyo, lona ngudokotela obheka izinkinga zamazinyo. Kukhona nodokotela ojwayelekile yena okuxilongela izifo ezijwayelekile.





EXTRACT PAGES

Ngabe uhlobo lukadokotela lulodwa yini?

Odokotela baxwayisa abantwana ngezempilo. UNkk. Mnqwala wakwenza konke lokhu ngoba egqugquzela abafundi ukuthi bahlale bengakhohlwa abafisa ukuba yikho. Ukuze abafundi bengakhohlwa amaphupho abo, ikilasi nekilasi lanikwa  namashadi. Emashadini kwakumele umfundi achaze ngomsebenzi ababewufundile ekilasini kulelo sonto.



EXTRACT PAGES

Wawuthini umsebenzi onikezwe abafundi ekilasini?



UZwakele wenza iphosta yasemkhathini yayinezithombe ezahlukahlukene ezikhombisa iziphuphutheki kanye nezinhloko zamaplanethi wonke.

U-Ayanda wenza umbukiso wobuciko ekilasini ukuze abonise umsebenzi wamaciko amancane. Wamema abafundi afunda nabo ukuba bazobona imidwebo futhi bafunde ngebhizinisi lakhe lobuciko.




Yini engenza iphupho lakho lifezeke?

EXTRACT PAGES

ULwazi wethula izingqinamba ahlangabezane nazo endaweni yokugcina izilwane nalokho akufundile. Wethula izeluleko nendlela yokunakekela izilwane ezifuywayo ukubacacisela ukuthi kungani kubalulekile ukusiza izilwane.

Bobathathu babheka abakufundile. Abafundi bazibona sebeyizingqwele.




EXTRACT PAGES

Ungaba na udokotela wezilwane ube ungazithandi?

Namuhla usuku olukhulu kuklomeliswa abafundi abakhombise ukuzimisela ngomsebenzi wokufeza amaphupho abo.

UZwakele, u-Ayanda noLwazi bajabule bemukela izitifiketi emva kombukiso wabo. Abafundi baqhubeka nokusebenzisana, babebheke inqubekela phambili ngalelo nalelophupho umuntu ayenalo.

EXTRACT PAGES




Yini oyifundile kule ndaba?